# EZOTHUKELA NEWS

*Keeping you informed, all the times!*

Volume: 6, Issue: 22

Quarter: 4, Apr - Jun 2024

*The Official Newsletter of UThukela District Municipality*

## Luqale ngesasasa uhlelo lokubuyekezwa kwentuthuko edidiyelwe luka 2024/25






Luqalise kahle uchungechunge lwemihlangano yomphakathi ethinta ukubuyekeza usomqulu wentuthuko edidiyelwe kanye nesabelomali sonyakamali ka 2024/25. Lemihlangano eholwa yiMeya yoMkhandlu was'OThukela Inkosi NB Shabalala luqale endaweni yase St Chad's, eMa2000 lwaphelela endaweni yase Phayikeni ngaphansi kukamasipala iAlfred Duma. Inhlosongqangi yalemihlangano bekungukuzama ukuthola imibono kanye neziphakamiso ezizofakwa kusomqulu wentuthuko edidiyelwe kanye nesabelomali sonyaka ka 2024/25.

Lokhu kushiwo uMeya uShabalala ngenkathi echazele umpahakathi obuthamele lezithangami. UMeya uphinde wachaza ukuthi umsebenzi omkhulu woThukela ukulethela abantu amanzi ahlenzekile kanye nukuhlinzeka ngezindlu zangasese "Inhloso yokuhlangana kwethu ukuzama ukubuyekeza usomqulu wentuthuko edidiyelwe kanye nesabeloli sibambisene nani njengomphakathi ukuze nikwazi ukusicebisa siwumkhandlu ngezinye zezidingo eziseqhulwini emphakathini ngoba yinina eniziqonda kahle izidingo zenu njengomphakathi," kuchaze Inkosi Shabalala.

OkaNdabezitha ube esethula usonkontileka ozofaka ipayipi elikhulu lamanzi kulendawo. Lelipayipi lizothatha isikhathi esingaka ngonyaka ukuthi lifakwe. Kulindeleke ukuthi kwakheke amathuba esikhashana emisebenzi engama-20. Lomsebenzi unikezelwe inkamapani ezimele iSinethemba Construction kanti uzobiza u R28 000 000. Okuqapheleke kakhulu ukuthi isililo besicishe sifane njengoba iningi labantu elinikwe ithuba lokuphawula likhale kakhulu ngokwentuleka kwamanzi kulendawo.



**Inkosi Shabalala ngenkathi ikhuluma namalunga omphakathi**

Ingxenyenye yesibili yalemihlangano ibe isibanjelwa ehhola lomphakathi ePhayikeni. Nalapha okaNdabezitha uphinde wathula izinhlelo ezikhona ezihlelelwe isifunda saso Thukela. Wakugcizelela ukuthi ngokomthetho uma abantu besebenzisa amanzi kumele bawakhokhele. Uma bengasebenzi amandla bengenawo, umkhandlu unohlelo lokulekelela bonke abangasebenzi (indigent) ukuthi bathole amalitha angu 6000 ngenyanga inqobo nje uma bebhalisile (indigent registration).

Uqhube wathi umkhandlu uzimisele ukwenza ngcono isimo sempilo emphakathini, ukulethela bonke abantu izidingongqangi okubalwa nokukhulisa umnotho wesifunda. Uthe ukubambisana kanye nokusebenzisana phakathi kukaHulumeni, izinkampani ezizimele kanye nomphakathi kusemqoka.

Inside this issue:

Kuqale intuthuko edidiyelwe ka 2024/25 1

Uthukela holds strategic planning workshop 2

UMeya ekhankasweni wokuletha intuthuko 3

UThukela luletha amanzi nezindlu zangasese 4

UThukela repairs fleet to speed up services 5

Kubuya ithemba ngentuthuko emphakathini 6

## Igeja lishone phansi kwiMeya yas'OThukela

Izindimbane zabantu zitheleke ngobuningi bazo lapho uMhloniswa iMeya INkosi yakwaShabalala ibiphume umkhankaso wokunikezela ngezidingo zomphakathi okungamanzi ahlanzekile kanye nezindlu zangasese ezinesithunzi. UMhlonishwa uMeya ubehambele kulendawo yaKwaMngwenya, Kwa Skhova kuWadi 21 ngaphansi kukamasipala iNkosi Langalibalele.

UMhlonishwa ube esechazela umphakathi obuthamele lomcimbi njengoba lomphakathi ubunezikhalo ezahlukene. Uthe umsebenzi omkhulu owenziwa uThukela ukulethela abantu amanzi ahlenzekile kanye nokuhlinzeka ngezindlu zangasese.

OkaNdabezitha ube esethula usonkontileka ozokwakhela umphakathi izindlu zangasese eziyikhulu (100). Kulindeleke ukuthi kwakheke amathuba esikhashana emisebenzi angama-30.

Lomsebenzi unikezelwe inkamapani ezimele iDLV Projects nokuzohlomula khona abantu bendawo ngamathuba omsebenzi. Lomsebenzi kulindeleke ukuthi uthathe izinyanga eziyisithupha ukuwenza.

UMeya uMyeza ukujabulele kakhulu ukuba yinxenye yalomcimbi wokulethwa kwentuthuko kulomphakathi. Ube esebonga kuNdabezitha ngokuhlonipha isicelo sakhe ukuthi ahambele lomphakathi emva kokuthi uphakamise izikhalo onazo.



Imeya namakhansela behlaba isoyi

## IMeya inikele ngezimbewu ukusiza abalimi abasafufusa

IMeya yoMkhandlu was'OThukela Umhlonishwa Inkosi NB Shabalala ibihambele izindawo ezimbili ezingaphansi kukamasipala wase Inkosi Langalibalele okuyi NKaseni kanye nase Sun Valley, esigodini sakwa Madondo ukuzofeza isithembiso sayo. Imiphakathi eyakhele lezindawo iningi lawo liziphilisa ngokulima amasimu okudla bese udayisa isivuno emiphakathini eyakhelene nawo ukuze bathole onsungulwana boxoshe ikati eziko.



Inkosi Shabalala namakhansela benikezela ngezimbewu kubalimi abasafufusa

Ezinyangeni ezimbalwa ezendlule emhlanganweni wokuletha intuthuko edidiyelwe, oḳwawubanjelwe khona kuyo lendawo, umphakathi wabe usuzicelela uxhaso lwezimbewu kuMeya. OkaNdabezitha wabe esethembisa ukuthi uzoxhumana nemingyango efanele ukuze lomphakathi uthole ukusizakala. Umhlonishwa ube esexhumana nomyango uThukela Economic Development Agency noholwa uMnu Sibisi ukuba uphose esivivaneni ukuze kuthuthukiswe lomphakathi.

Nembala, lomyango ube usunikela ngamasaka embewu yamantongomane enani elilinganiselwa ku R180 000. OkaNdabezitha ube esethembisa lomphakathi ukuba uzolekelela nango kuwuqashela ugandaganda aphinde azondeze amanzi okuchelela lezi zitshalo ukuze kuphume isivuno esihle.

Lemiphakathi isishayele ihlombe isenzo sikaNdabezitha ngosizo oluvela emkhandlwini was'OThukela. Lokhu kwenzeke nakuba umsebenzi woThukela kunguku hlinzeka imiphakathi ngamanzi ahlanzekile nezindlu zangasese ezinesithunzi kuphela. UMnuz Sibisi ube esechazela umphakathi ukuthi bazowucathulisa ukuze ulekeleleke ngemigudu okumele kuhanjwe ngayo ukuze kudayiseke lesivuno emakethe ngendlela ezokwenza inzuzo.

UMeya ubephelekezelwa uMeya wase Inkosi Langalibalele uCllr Mduduzi Myeza, uSekela Meya uCllr Dladla, uSomlomo womkhandlu was'OThukela uCllr TY Nqubuka, uSihlalo wekomidi lezamanzi uCllr MM Khoza, uSihlalo wekomidi lezabasebenzi uCllr F Zuma, uCllr Qwabe, uMphathi kaMasipala uMnuz LS Jili, uCFO uMnuz BB Sithole, uMphathi wezabasebenzi uMnuz OS Mnguni, uMphathi eHhovisi Lika Meya uMnuz S Masoka, amakhansela, abaphathi beminyango eyahlukahlukene kanye nabasebenzi baloMkhandlu.

## UThukela District hosts its strategic planning workshop

The Uthukela District Municipality organised and held a two-day strategic planning sessions from 14 to 15 May to plan for the next financial year. These sessions were held at the Crown Hotel in Ladysmith under the theme ”Repositioning uThukela District Municipality towards its mandate”. In a nutshell, strategic planning helps leaders and management of the organization to define their vision for the future and identify their organization's goals and objectives.



Municipal Manager Mr LS Jili, addressing the gathering

This is done through establishing the sequence in which those goals should be realized so the organization can reach its stated vision. In his opening remarks, the Municipal Manager Mr LS Jili stated that the main purpose of the gathering was to re-evaluate and debate ideas for providing high-quality services to the community. He also said they sought to set the tone for the creation of strategic agenda, analyse institutional performance, and discuss the implementation of municipal programmes.

He said that with a commitment to innovation, collaboration, and continuous improvement, the municipality is poised to overcome obstacles and fulfill its mandate of providing quality governance and services to the residents of uThukela District Municipality. The Mayor Inkosi NB Shabalala alluded to the house on being realistic in setting goals and working hard in the quest to eliminate district challenges prudently and efficiently.

The Mayor said, "Today marks a significant milestone as we embark on a journey to chart the course for the future of our community. This workshop presents a unique opportunity for us to come together, collaborate, and collectively shape the vision and priorities that will guide our municipality in years ahead. As we gather here, I am reminded of the immense potential that lies within each of us and the power of collective action to effect positive change. Over the course of this workshop, I am hoping that all the discussions will be channeled towards ensuring that the people of UThukela get clean, potable water and dignified sanitation".

He assured those in attendance that it was untrue that National Government had stripped away UThukela District its water license. He said the fact of the matter was that the Minister for Water and Sanitation Department only intervened through Section 63 of the Water Services Act. So, such interventions “do not in anyway mean that UThukela District is no longer a Water Services Authority”. The Mayor assured the audience that we are still a Water Services Authority, and do still have a mandate to deliver clean water and sanitation as mandated. He went on to encourage all employees to do what they are hired to do.

He also touched on the financial situation of the municipality as it is projected to operate on an unfunded budget. All the departments within the municipality, namely; Finance, Water, Sanitation and Technical Services, Social, Municipal Health, Municipal Manager and Mayoral did their best with presentations. KwaZulu-Natal Cooperative Governance and Traditional Affairs (CoGTA) was the only external stakeholder who did their presentations.

Speaker Cllr TY Nqubuka reminded those in attendance that we are here to serve the interests of the community. She emphasised on the need for Councillors and officials to work together for a common purpose, that is to change the lives of the people of the district and address service delivery shortcomings. She said she hoped that all resolutions taken here will be effectively implemented for the benefit of all.

## UTHUKELA DISTRICT CLARIFIES SECTION 63 INTERVENTION

The UThukela District Municipality was appalled by the article that recently appeared in the Ladysmith Gazette newspaper dated Friday, 03 May 2024, which is misleading and untrue. The heading in the newspaper reads, "Uthukela stripped of its water license". The fact of the matter was that Water and Sanitation Minister Senzo Mchunu invoked Section 63 of the Water Services Act in an effort to stabilise the state of water and sanitation in the district.

According to the Minister, the state of services at any water services authority (WSA) across the country was of interest to the department because their performance has an impact on the integrity of the national government. The department, as a bulk water supplier and a regulator of the sector, said they can never look away when there are challenges.

The water value chain includes the Water and Sanitation department, and it was constitutionally bound to detect problems and act decisively. So, when another sphere of government is facing challenges, there is a need for another sphere to intervene so that stability was brought about.

This does not necessarily mean that the water license is taken away. UThukela District is still a water service authority. The intervention of the Department through uMngeni Water was not something new to uThukela District Municipality.

We have had uMngeni Water before it was amalgamated to uMngeni-Uthukela Water Board. People do not have to panic because of the article they might have read. UThukela District, through co-operation with the Department, will continue to service the residents of UThukela with water.




## UMeya emkhankasweni wokulethwa kwentuthuko

UMhlonishwa uMeya Inkosi yakwaShabalala uphume umkhankaso wokunikezela ngezidingo zomphakathi, okungamazi kanye nezindlu zangasese ezinesithunzi. UMhlonishwa wahambela indawo yakwaNomoya ku Wadi 22 ngaphansi kukamasipala Inkosi Langalibalele.

Inkosi yakwaShabalala yachazele umphakathi ngomsebenzi owenziwa uThukela, okungukulethwa kwamanzi ahlanzekile kanye nezindlu zangasese ezinesithunzi. Kanti futhi umkhandlu uyalekelela emphakathini uma kudingeka usizo. Njengoba umkhandlu unayo eminye iminyango elekelela ngezinto ezehlukene eziningi okubalwa uMnyango wabantu abasha, owezezinhlekelele, owokuthuthukiswa kwamabhizinisi njalo, njalo.


iMeya Shabalala ekanye noMphathi kaMasipala uMnuz Jili

“Ngikuveza lokhu ukuze umphakathi uzoqonda ukuthi nakuba umkhandlu was'oThukela usabhekene nenselelo yokwentuleka kwezimali, nezimali uHulumeni omkhulu asixhasa ngazo azanele ukufezekisa zonke izidingo zomphakathi. Kepha likhulu iqhaza njengomkhandlu esilibambayo ukuthuthukisa izimpilo zabantu bakithi”, kusho uMeya Shabalala.

OkaNdabezitha uqhube wathi “Ngifisa ukuniqinisekisa ukuthi sizizwile izikhalo zomphakathi ngokuntuleka kwamanzi, futhi ngiyazibophezela ukuthi njengomkhandlu sizozixazulula izinkinga zamanzi kulendawo”.

UMhlonishwa uMeya ubesethula usonkontileka ozokwakhela umphakathi wakwaNomoya izindlu zangasese ezinesithunzi eziyi khulu (100). Kulindeleke ukuthi kwakheke amathuba esikhashana emisebenzi angama-30. Lomsebenzi unikezelwe inkamapani ezimele iDLV Projects nokuzohlomula khona abantu bendawo. Ekanti lomsebenzi kulindeleke ukuthi uthathe izinyanga eziyisithupha ukuwenza.

Enkulumweni yakhe yokuphetha ebibhekiswe kumphakathi obuphume ngobuningi bawo, okaNdabezitha unxuse umphakathi ukuba uqhubeke nokubaseka ukuze beqhubeke nokwenza kangcono futhi bashintshe izimpilo zabantu. Ube esenikezela ngezijumba zokudla kwizaguga ezingaphezu kweminyaka engama-70 zakulendawo.



Umphakathi ukujabulele kakhulu ngokubonelelwa ngalentuthuko. Umphakathi ozohlomula yilowo owosala ngaphandle ngaphambilini ngenkathi kwakhiwa zona izindlu zangasese kulendawo. Kube kusekuhlatshwa isoyi ukuze kuqaliswe ngomsebenzi.


Umeya Shabalala uhlabe nesoyi

UMhlonishwa ubephelezelwa uSekela -Meya wase Inkosi Langalibalele uCllr Dladla, uCllr Qwabe, Induna yendawo uMnuz Dladla, uMphathi kaMasipala uMnuz LS Jili, CFO uMnuz BB Sithole, uMphathi wezaManzi uMnuz NN Khuzwayo, uMphathi eHhovisi lika Meya uMnuz S Masoka, abaphathi kanye nabasebezi bomkhandlu.

## UTHUKELA LULETHE INTUTHUKO YAMANZI KANYE NEZINDLU ZANGASESE EBHAFADI



**Inkosi Shabalala ehambisana kanye neNkosi uMzamo Buthelezi**

Injabulo ibibhalwe ebusweni kumalunga omphakathi waseBhafadi (Burford) ngaphansi kukamasipala iAlfred Duma obuhanjelwe UMhlonishwa iMeya yomkhandlu was'OThukela Inkosi yakwaShabalala. UMhlonishwa uchazela umphakathi obuthamele lomcimbi ukuthi umsebenzi omkhulu woThukela ukulethela abantu amanzi ahlenzekile kanye nokuhlinzeka ngezindlu zangasese.

OkaNdabezitha ube esethula usonkontileka uMayibuye nolekelele kakhulu umkhandlu njengoba usabhekene nenselelo yokwentuleka kwezimali. Losonkontileka unikele ngokwakhela umphakathi isizinda samanzi esibizwa nge Sigodiphola Water Scheme esinethangi lensimbi eliqukatha amalitha angaphezukuka 50000 kanye nezimpompi zompahakathi eziyisithupha. Umhlonishwa uMeya ube esethula nosonkontileka ozokwakha izindlu zangasese ezingamashumu amahlanu kulabo abasala ekuqaleni. Kulindeleke ukuthi kwakheke amathuba esikhashana emisebenzi eyi-15.

Lomsebenzi unikezelwe inkamapani ezimele iDLV Projects nokuzohlomula khona abantu bendawo. Lomsebenzi kulindeleke ukuthi uthathe izinyanga eziyisithupha ukuwenza. OkaNdabezitha ubesephinde esethula usonkontileka ozofaka ipayipi lamanzi aphinde alungise amaphampu kanye nogixi ku wadi 14, 17 no 18 bese efaka namaphampu amasha. Lomsebenzi kulindeleke ukuthi uthathe izinyanga eziyisithupha ukuwenza. Lomsebenzi unikezelwe inkamapani ezimele Pawacons Pty Ltd. Kulindeleke ukuthi kwakheke amathuba esikhashana emisebenzi ayi-10.

Inkosi Mzamo Buthelezi ukujabulele kakhulu ukuba yinxenye yalomcimbi wokulethwa kwentuthuko emphakathini waseBhafadi, waphinde wasishayela elikhulu ihlombe isenzo esenziwe inkampani ezimele iMayibuye, wathi ukubambisana kanye nokusebenzisana phakathi kukaHulumeni, izinkampani ezizimele kanye nomphakathi kusemqoka futhi kubuyisa ithemba kuHulumeni. Uphinde wabonga kakhulu kosomabhizinisi abazimele ngokungabeki phambili inzuzo kodwa babeke phambili impilo nenhlalakahle yemiphakathi abayakhele.







## Kuphothulwe intuthuko edidiyelwe kanye nesabelo mali sika 2024/25

Ngokukasomqulu wesigaba sesine somthetho wokubusa kukaHulumeni wasekhaya, bonke omasipala kulindeleke ukuthi benze usiko lokuxhumana nomphakathi ngokwesigatshana se-16 somthetho othi "umasipala kufanele enze usiko lokubusa kukamasipala okuhambisana nokumeleleka kukamasipala ngokohlelo oluvulelekile lokubamba iqhaza ekubuseni kukaHulumeni". Futhi kungalesisizathu kugqugquzelwa kuphinde kwakhiwe izimiso lapho umphakathi ukwazi khona ukubamba iqhaza ezindabeni zikaHulumeni.

Ngokuhambisana nalosomqulu womthetho, UMhlonishwa uMeya was'OThukela Inkosi NB Shabalala uthathe igxathu lokuhambela eNgubhela, ehholo lomphakathi Emahlabathini engaphansi kukamasipala Okhahlamba ku Wadi 7 kanye nase Loskop, ehholo lomphakathi eMpophomeni yona engaphansi kukamasipala Inkosi Langalibalele ku Wadi 1 namuhla. UMeya uphinde wachaza ukuthi umsebenzi omkhulu woThukela ukulethela abantu amanzi ahlenzekile kanye nukuhlinzeka ngezindlu zangasese.

"Inhloso yokuhlangana kwethu lana ukuzama ukubuyekeza usomqulu wentuthuko edidiyelwe kanye nesabelomali sibambisene nani njengomphakathi ukuze nikwazi ukusicebisa siwumkhandlu ngezinye zezidingo eziseqhulwini emphakathini ngoba yinina eniziqonda kahle izidingo zenu njengomphakathi", kuchaza Inkosi Shabalala. Kukhona uhlelo lokuvikelwa kweziphethu oluqhubekayo oluzoze lufinyelele kulomphakathi. Kanti futhi nezindlu zangasese sezifakiwe ezindaweni eziningi nokusohlelweni ukuthi nayo lendawo ihlomule ngalinganiselwa kwayi-100. Ube esenikezela ngezijumba zokudla kwizaguga ezingaphezu kweminyaka engama-70 zakulendawo.

Ingxenyenye yesibili yalemihlangano ibe isibanjelwa ehhola lomphakathi eMphophomeni. Oka Ndabezitha ube esethula usonkontileka ozogubha oginxi abakhiqiza amanzi (production borehole) aphinde futhi akhe iziphethu ezinamathangi ezizophakela imiphakathi eyahlukene ngamanzi. Losonkontileka othuliwe uSydwalt kanti umsebenzi uzothatha cishe izinyanga ezimbili kuya kwezintathu.

Loluhlelo luzokwenzeka kulezindawo; KwaVala, Emnyangweni, Emakekeni, Silimangamehlo, Madolobheni nase Ngodini. Kulindeleke ukuthi kwakheke amathubae omsebenzi esikhashana alyishumi indawo ngayinye. Imizi ezohlomula ingamakhulu amane kanti isabelomali salomsebenzi izigidi ezingama-28 amarandi.

Ukuhambela kuka Ndabezitha kulezindawo besekungumlenze wokugcina wezithangami zomphakathi zokulethwa kwentuthuko edidiyelwe wesabelomali sonyaka ka 2024/25. Okufike kwagqama kakhulu kulezithangami kube izikhalo ngokushoda kwamanzi, izindlu zangasese kanye nezinye izidingo ezithinta omasipala basekhaya. Lokhu kufakiwe omgodleni kaMeya njengezinto ezizobekwa eqhulwini ukuze zilungiswe.



**Inkosi Shabalala iphahlwe uNdlunkulu kanye nomnumzane uMasoka**

## UMeya wethule usonkontileka ozokwakha izindlu zangasese

Uma kuthiwa ikhaya yikhaya ngezindlu zangasese ezinenhlanzeko, lokhu kufakazelwe uMeya yomkhandlu was'OThukela Inkosi NB Shabalala ngenkathi ehambele izindawo ezimbili, eyase Mbuzweni kanye nase Phayikeni ngaphansi kuka Masipala wase Alfred Duma. Inhloso yokuhambela kuka Ndabezitha kulezindawo bekunguzokwethula ngokusemthethweni usonkontileka ozokwakha izindlu zangasese emawadini amathathu, uwadi 15, 16 no 18.

Enkulumweni yakhe ebibhekiswe emphakathini obuphume ngobuningi bawo, okaNdabezitha ukubeke kwacaca ukuthi ngokosoMqulu kaHulumeni, uMkhandlu was'OThukela ujutshwe ukuba uhlinzeke ngengqalasizinda emiphakathini eyakhele lesisifunda namaphethelo yamanzi ahlanzekile aphuzekayo kanye neyezindlu zangasese ezinesithunzi. Uqhube wathi namuhla bazokwenza khona kanye lokho okungukwakha izindlu zangasese ezingama-75 kuwo womathathu lamawadi asedalulwe ngenhla iwadi ngayinye.

Umhlonishwa uMeya ube esethula usonkontileka uDLV Projects okunguyena ozokwenza lomsebenzi. Kulindeleke ukuthi kwakhiwe amathuba omsebenzi esikhashana angama-23 nokuzohlomula khona abantu bendawo iwadi ngayinye. Lomsebenzi kulindeleke ukuthi uthathe izinyanga eziyisithupha ukuwenza.

Ujabule wanconcoza umphakathi ngokubonelelwa ngalentuthuko. Umphakathi ozohlomula yilowo owosala ngaphandle ngaphambilini ngenkathi kwakhiwa zona izindlu zangasese kulezindawo. Kube kusekuhlatshwa isoyi ukuze kuqaliswe ngomsebenzi.

Umhlonishwa ubephelezelwa uNdlunkulu, uSihlalo weKomidi Labasebenzi uCllr F Zuma, uSihlalo weKomidi Lamanzi uCllr MM Khoza, uCllr Kubheka, uCllr Zikalala, uCllr Msimanga, uMphathi kaMasipala uMnuz LS Jili, uMphathi wezimali uMnuz BB Sithole, uMphathi wabasebenzi uMnuz OS Mnguni, abaphathi kanye nabasebenzi bomkhandlu.




**UMeya Shabalala ehambisana namakhansela kulomcimbi**



## Uthukela fleet repairs to speed up service delivery

The Uthukela District Mayor Inkosi NB Shabalala, accompanied by the MP Inkosi Mzamo Buthelezi, Speaker Cllr TY, Chairperson for Technical Infrastructure Portfolio Cllr MM Khoza, Chairperson for Corporate Services Portfolio Cllr F Zuma and uNdlunkulu, received back the municipal fleet during the official handover event that was held in Acaciavale, Ladysmith recently. These vehicles were taken in for repairs in January of this year by the Ladysmith Civic Association (LCA) after reaching a mutual agreement with the Uthukela District Municipality.

In his address, the Mayor said they inherited a municipality that was running on an unfunded budget. It had a fleet of old and run-down vehicles that would have provided much needed assistance for service delivery but could not be used because they were damaged. According to the Mayor, it became difficult to perform the core functions of the municipality of providing clean water to the community. He said the little money the municipality made from things like the sale of water, was used to take care of the municipality; fixing broken pumps, paying rent and electricity for the building, which meant there was no budget for taking care of these vehicles.

"I am delighted to be receiving these vehicles that have been repaired and serviced by the NPO, Ladysmith Civic Association. It is surprising to see an NGO assisting the government. I have never seen that. We hope to become become better partners for the benefit of our people. We are extremely proud to receive back the fleet and will start using these vehicles to speed up service delivery to the community. We appreciate the work that you have done," Inkosi Shabalala said.

Handing over the vehicles to the Uthukela District Municipality, Mr M Gaffar, the Chairperson of Ladysmith Civic Association said, "We are privileged to be able to work together with the municipality. We hope this is a foundation of our meaningful relationship between the Uthukela District and ourselves. We have been able to fix six vehicles plus a sewer-jet truck".

He said they were glad that they could serve and make a difference in the community with their services. He also said they would like to see the Uthukela District Municipality prioritize service delivery issues and attend to burst pipes, water leaks and sewer blockages with increased urgency and efficiency for the benefit of all who resides in Ladysmith. The LCA also made a commitment to look at the entire Uthukela District for their services. The fleet was repaired at no cost to the municipality. As a token of a good gesture, the Mayor then handed over a certificate of appreciation to the association.








**Inkosi Buthelezi ibonga ngenkathi Inkosi Shabalala noSomlomo uNqubuka belalele**

## UTHUKELA LUPHEZUKOMKHONO NGENTUTHUKO EMPHAKATHINI

IMeya yoMkhandlu was'OThukela iNkosi NB Shabalala ihambele indawo yase Rosedale kuwadi 6 ongaphansi kukaMasipala iNkosi Langalibalele. Enkulumweni yakhe uthe uMkhandlu was'OThukela ukuqhakambisa kakhulu ukuhlinzeka imiphakathi yasoThukela namaphethelo ngengqalasizinda yamanzi ahlanzekile naphuzekayo kanye nezindlu zangasese ezihloniphekile nezinesithunzi .



Umeya elumana indlebe nelunga lomphakathi

OkaNdabezitha uthembisile ukuthi izikhalazo ezikhona uzozidlulisela ezinhlakeni ezifanelekile ukuze umphakathi ulethelwe intuthuko oyifanele. Ngalawomazwi uMhlonishwa ube esethula inkampani yakwa Sydwalt Construction ethole lomsebenzi wokumba amanzi ngaphansi komhlaba adonselwe ethangini elilinde seziphakela imizi engaphezulu kwama-60.

Lomsebenzi kulindeleke ukuthi uphothulwe ngezinyanga ezimbili (2). Kanti amathuba omsebenzi wesikhashana azoba yishumi (10). UMhlonishwa Meya uphinde wathula nenye inkampani yakwa DLV Projects ezokwakha izindlu zangasese ezinsesithunzi eziyikhulu (100). Lomsebenzi wona kulindeleke ukuba uthathe izinyanga eziyisithupha (6). Abantu abazohlomula ngamathuba emisebenzi esikhashana bangama-30.

UMeya phinde wanxusa kakhulu umphakathi ukuthi uphathe kahle lengqalasizinda, uyiphathise okwezikhali zamaNtungwa. UMhlonishwa uchazele umphakathi kabanzi nangeziphehli zamanzi okumele zandiswe ukuze kukhuphuke umthamo wamanzi ngenxa yokwanda kwabantu. Ngaleso sizathu uMhlonishwa uMeya ube esenxenxa lomphakathi ukuthi ububekezelele ubuholi obusemandleni ngenxa yezingqinamba obufike babhekana nazo ngaphakathi eMkhandlwini wasoThukela.

POkaNdabezitha ube esethembisa ukuthi yena kanye nobuholi bakhe bazokwenza isiqiniseko sokuthi basebenza ngokukhulu ukuzikhandla ukuletha intuthuko emiphakathini yasoThukela namaphethelo. Ukubeke kwasobala ukuthi uMkhandlu uthembele kakhulu kuHulumeni ngezicelo zezezimali kanye nosomabhisinisi bendawo nabahlali basesilungwini. Uthe yibona ikakhulukazi abakhokhela amanzi ngoba bayavalelwa uma bengakhokhile.

Oyikhansela lendawo uCllr Mshengu ubonge wanconcoza ngengqalasizinda elethwe uMkhandlu was'OThukela emphakathini wase Rosedale obusozizini ngokusho kwakhe. Kube sekuhlatshwa isoyi ukuze kuqale umsebenzi ngokusemthethweni.



## LILOKHU LIQHUBEKE NJALO UTHUKELA LIBUYISA ITHEMBA EMPHAKATHINI



Umhlonishwa uNtuli ekhuluma phambi kuka Meya noSomlomo

Usuzophuza amanzi ahlanzekile umphakathi waseWaaikhoek ngaphansi kukaMasipala iAlfred Duma emuva komcimbi obuhanjelwe UMhlonishwa iMeya yomkhandlu was'OThukela Inkosi yakwaShabalala. OkaNdabezitha uthule usonkontileka ozofaka ipayipi lamanzi elisuka edanyini iOlifanskop, kuphinde kwandiswe isiphehli samanzi bese kufakwa namaphampu amasha.

Lomsebenzi kulindeleke ukuthi uthathe izinyanga eziyisithupha ukuwenza. Kanti unikezelwe inkamapani ezimele yakwa R and D Contractors cc. Kulindeleke ukuthi kwakheke amathuba esikhashana emisebenzi angama-20. Kanti futhi kuleprojekthi yamanzi elethelwe umphakathi imizi ezohlomula ngamazi ingaphezu kaka-25000.

OkaNdabezitha ubesephinde esethula omunye usonkontileka ozofakela namawadi akhelene no wadi 31 ogixi abangama-20. Lomsebenzi kulindeleke ukuthi uthathe izinyanga eziyishumi nambili ukuwenza. Lomsebenzi unikezelwe inkamapani ezimele yakwa Nikelodia Trading. Kulindeleke ukuthi kwakheke amathuba esikhashana emisebenzi ayi-15.

USihlalo wakwa SALGA uCllr Thami Ntuli ukujabulele kakhulu ukuba yinxenye yalomcimbi wokulethwa kwentuthuko emphakathini waseWaaihoek. UMhlonishwa Ntuli ubesegqugquzela kakhulu ukuzwana nokubumbana esifundeni sakwaZulu Natali ukuze kukhule umnotho kwande namathuba emisebenzi.

Uqhube wathi umsebenzi kahulumeni ukusebenzela abantu ubuyise ithemba esizweni kanye nakubantu abasha abasenamaphupho ngekusasa labo. Umhlonishwa uMeya ubalule ukuthi bazimisele kakhulu ukuletha intuthuko kumawadi akhele iNdaka.

Eqhuba, uthe bewukhandlu bazimisele ukuletha izixazululo enkingeni yamanzi ukwenza ngcono isimo sempilo emphakathini, ngokuletha izidingongqangi okubalwa kukho ukukhuliswa kwezingqakasizinda kulesifunda.

Umhlonishwa ubephelekezelwa uSihlalo wakaSALGA uCllr Thami Ntuli, uSomlomo uCllr TY Nqubuka, uSihlalo weKomidi Labasebenzi uCllr F Zuma, uCllr Buthelezi, uCllr Qwabe, uCllr Nzuza, uMama Ndlunkulu, Amakhansela, abaphathi kanye nabasebezi bomkhandlu.





UThukela District Municipality
33 Forbes Street/ 36 Lyell Street
Ladysmith 3370
Tel: 036 638 5100 / 2400
Call Centre: 086 010 4257
Anti-Fraud Hotline: 0800 033 660

Published by Communications Unit
Follow us on our:
Facebook, Instagram and X pages @ uthukeladm
Website: www.uthukela.gov.za